ABESIMAME NJENGABAGCINI BEZIMBEWU

Abesimame kudala bengabaqambi bezitshalo kanye nabakhiqizi bezimbewu kuwo wonke umlando wezolimo. Emiphakathini eminingi yabantu bomdabu base-Afrika, abesimame bangabagcini benqubo yezimbewu. Ukukhetha kanye nokugcina izimbewu ezivela kwizivuno ukuze zithuthukiswe, kushintshiswane ngazo kanye nokuzitshala futhi, abesimame badlala indima esemqoka ekuqinisekiseni ukuvikeleka ngokutholakala kokudla, ukuqina nokuzinza kwezitshalo zabo kanye nokuba nezimbewu ezihlukahlukene.

Abesimame babhekana nezishalo ezingenayo intengiso kakhulu, kodwa babaluleke kakhulu ekuqinisekiseni ukutholakala kokudla okunomsoco emindenini kanye nokutholakala kokudla emakhaya. Lokhu kubandakanya amabele, unyawothi, amantongomane, umdumbula, izindumba, imifino enhlobonhlobo yamakhasi aluhlaza, amathanga, amakhasi omdumbula kanye nezinye izitshalo.

Kodwa, uma abalimi becindezelwa ukuthi bathenge izimbewu ezithengiswa zinkampani ezinkulu, abesimame abakwazi ukuqhubeka nale ndima nenqubo yasemandulo yokukhetha kanye nokugcina izimbewu zabo. Manje sebelindeleke ukuthi bathenge izimbewu zentengo ebiza kakhulu futhi ezinezitifikedi okumele bazithole minyaka yonke kanti futhi balindeleke nokuthi batshale imbewu yohlobo olulodwa kuyo yonke insimi. Nangaphezu kwalokho, kumele bathenge amakhemikhali nomanyolo ababiza kakhulu okumele asetshenziswe nalezi zimbewu ezihambisana nezitifikedi. Lokhu kubafaka ezikweledini ezinkulu kanye nokuncika kulezi zinkampani ezinkulukazi, kanti futhi lokhu kucikela phansi indima yabesimame njengabagcini bezimbewu.

www.acbio.org.za info@acbio.org.za Tel +27 (0)11 486 1156

duducoelho.com